

# Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zibambe uphondo lukabhejane olunesisindo esingu-160kg

**Tshwane, 17 kuNtulikazi 2021** – Ekuseni namuhla izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zoPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) zishaqe izingcezu ezingama-32 zophondo lukabhejane, olunesisindo esingama-160kg, emthwalweni obuseshedeni ebelibangise esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International Airport.

Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa bezihlonza izimpahla zisebenzisa uPhiko lweziNja eziHogelayo i-*Detector Dog Unit* esikhumulweni sezindiza ngenkathi enye yezinja ihlonza umthwalo osolisayo obulibangise eMalaysia (Kuala Lumpur).

Lo mthwalo ubudalulwe njenge"zitshalo eziphilayo" ubhalwe nokuthi uqukethe izingcezu eziyi-8. Ngesikhathi kuphenywa umthwalo wona qobo, kutholakale amabhokisi ayi-6 anezingcezu ezingama-32 zophondo lukabhejane embozwe ngezindwangu zomdabu, ebezivikelwe ngocwazi oluvikela impahla ekulimaleni, olunesisindo esingama-160kg.

UMnyango wokuPhenywa koBugebengu obuseQhulwini ngaphansi koMnyango wamaPhoyisa (Hawks) wazisiwe ngalokhu okutholakele. Kubhaliswe icala lobugebengu kwa-SAPS ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

Ukubanjwa kokugcina kophondo lukabhejane e-ORTIA kubandakanya:

- KuNhlolanja 2021: izingcezu eziyishumi nesishiyagalombili (18) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingama-63kg ezazidalulwe njengama-*'HP Cartridges Developers'*, abelibangise eMalaysia.
- KuZibandlela 2020: izingcezu eziyishumi nesikhombisa (17) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingama-72.4kg ezazifihlwe kusishisisimanzi i-*geyser* ezazilibangise eMalaysia.

- KuMandulo 2020: izingcezu eziyisithupha (6) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esingu-4.9kg ezazidalulwe njenge"zinhlamvu zekhofi", ezazilibangise eMalaysia.
- KuNtulikazi 2020: izingcezu ezingamashumi amane nanye (41) zophondo lukabhejane, ezinesisindo esiyi-137kg ezazidalulwe njengezinto "zobuciko bezandla", ezazilibangise eMalaysia zizodlula eDoha.



Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)